# Hillcrest High School

# IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza

# Ibanga lesishiyagalolunye (Grade 9)

# Ukuhlolwa kukaJuni 2017

**Isikhathi: 2 Amahora** **Umklomelo: 100**

---

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

| | | | |
|---|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Umbhalo omude odlulisa umyalezo. | | (30) |
| | Umbhalo omfishane odlulisa umyalezo. | | (20) |
| ISIQEPHU B: | Impicabadala | N.G. Dlamini | (50) |

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-55 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-55 |

## ISIQEPHU A

**1. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

1.1 Incwadi

Abazali bakho bajabule kakhulu ngemiphumela yakho yethemu yokuqala. Babone kungcono ukuthi bakuthengele isipho sokukuhalalisela owawukade usifisa. Bhala incwadi ubabonge ngalokhu. (30)

1.2 Ingxoxo

Wena nomngane wakho kade nivakashele ezitolo niyothenga okumnandi kokuzijabulisa. Umsebenzi wasesitolo sokudla wavele wanilethela ukudla eningakucelanga. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nalo msebenzi. (30)

## ISIQEPHU B

2. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.

ISIMEMO

2.1 Umzala wakho ohlala eNgilande ukucele ukuba umuhlele umcimbi wakhe wokuzalwa uma esebuya. Omunye wemisebenzi yakho ukumema abantu. Bhala ikhadi lesimemo losuku lokuzalwa kwakhe. (20)

IPHOSIKHADI

2.2 Umalumekazi wakho osebenza eGoli ubezimisele ukufika ekhaya kini ngosuku lokubungaza/ lomcimbi wokuzalwa kukababa wakho. Ngeshwa abasemsebenzini wakhe kwaba ilona usuku abamthengele ngalo ithikithi lokuya emhlanganweni e-Romania. Bhala iphosikhadi alibhalele ubaba wakho exolisa ukungaphumeleli. (20)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU C

3. Khetha abalingiswa ABATHATHATHU ubhale ngabo ukuthi bangabantu abanjani. Bhala amaphuzu AMAHLANU umlingiswa emunye.

3.1 UDelisile

3.2 UNozipho

3.3 UThemba

3.4 UNgqondo

3.5 UYodwa (15)

4. Funga lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

**Zungu** : Ohho! Bayazi ukuthi uhlupha amantombazane wena?

**Themba** : Cha abazi.

**Zungu** : Ngike ngaphinda ngezwa nje ukuthi uphinde wayihlupha le ngane uzoyikhotha imbenge yomile . Uyangizwa?

**Themba** : (*UThemba aqale ngokuthula edla imihlathi,ngesikade useyavuma.*) Ngiyezwa.

**Zungu** : Le mihlathi oyigudlayo yojamiswa isibhakela ngelinye ilanga.

**Themba** : (*Ufaka izandla emaphakethenl.*) Ngiyethemba sekuphelile ebeningibizele kona.

**Zungu**: (*Wadinwa wagana unwabu.*) We mfana! Umthetho wakho uluhlaza yini? Awuphekwanga ! Engifuna ukwazi ukuthi sivikele lowo nalowo mfundi lapha esikoleni. Akekho namunye umfundi okumele azenzele umathanda komunye.

**Donsa** : Ngingakwephuli ulimi thisha , lo mfana ngamtshela kahle ukuthi iliphutha le nto ayenzayo ngoba manje le ngane kayisafundi kahle ngenxa yakhe.

**Zungu** : Uyabona mfana, ngiyabona ukuthi usemncane, umhlaba awukawazi ukuthi uhlaba owuchwenselayo. Futhi nje wena unenhlanhla ngoba mina anginaso

isikhathi sokuncengana nezichwensi ezinjengawe. Ngikholwa ukuthi induku iyakuqeda ukuchwensa. (*Uyamgqolozela, uThemba athule, abheke eceleni elokhu emuthi jejejmuzi ngehlo lokweyisa.*)

**Donsa** : **Isondo liyajika mfana wami.** Nawe uyoba nengane ngelinye ilanga, kungaba umfana okanye intombazane iphazanyiswe izichwensi ezinjengawe kwekwenzayo izithole ingasakwazi ukuqhubeka ngoba izama ukuphephisa impilo yayo, kepha ibe ilahlekelwa amalungelo ayo.

3.1 Sibizwa ngokuthini isikole abakhuluma kuso laba abasesiqeshini? (1)

3.2 Owakabani lo Themba odla imihlathi lapha? (1)

3.3 Wenza msebenzi muni uMnumzane Zungu? (1)

3.4 Yini le eyenziwa uThemba komunye umfundi engavumelekile? (1)

3.5 Le nto eyenziwa uThemba yagcina impazamise kanjani uDelisile empilweni yakhe. Chaza ngamaphuzu amathathu. (3)

3.6 Ubani isibongo salo mfundi ohlushwa uThemba nokukhulunywa ngaye lapha? (2)

3.7 Ubani omunye kulawa madoda akhuza uThemba owathi uzomsiza lo mfundi ohlushwayo lapha? (1)

3.8 Ubani igama likamngani kaDelisile owatshela uuMnu. Zungu ngenkinga yakhe? (1)

3.9 Usizo aluthola uDelisile lwamfaka kanjani enkingeni enkulu kunale ayebhekene nayo? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

3.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:

3.10.1 Umuntu oluhlaza (2)

3.10.2 Isondo liyajikajika. (2)

3.11 Caphuna imisho EMIBILI esesiqeshini ekhombisa ukuthi uThemba wayengahloniphi. (2)

3.12 Ngokucabanga kwakho iyiphi enye indlela eyayingasetshenziswa uZungu ukukhuza uThemba ngaphandle kokumshaya noma ukumthembisa ukumshaya. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.13 Wena ubona ukuthi kwakufanele enzenjani uDelisile kubazali bakhe mayelana nokuhlushwa uThemba? (2)

3.14 ODelisile babehlala nobani ngaphambi kuokuba bahlale nobaba wabo? (1)

3.15 Yini le yadala ukuthi bagcine sebehlala nobaba wabo? Bhala izizathu EZIMBILI. (2)

[26]

5. Phendula le mibuzo elandelayo ngokugcwalisa ngegama elifanele. Bhala impendulo kuphela.

4.1 Ugogo woDelisile wathi wayephathise umakhelwane u________ ama-aphula. (1)

4.2 ODelisile babelala kubo ka ______ emva kokushona kukagogo wabo. (1)

4.3 _______ umama ongunkosikazi kababa woDelisile noNozipho. (1)

4.4 Igama lengane kaMadoda noYodwa u______. (1)

4.5 U_____ wayeshade nomama woDelisile abazalayo. (1)

[5]

5. Khetha igama elilodwa ezikokeleni ulibhale phansi. Bhala igama KUPHELA.

5.1 Isibongo sikaamama kaDelisile (uSibisi, uSibiya, uNdlovane)

5.2 UDelisile ufanisa uThemba ( nehlongandlebe, nosikhotheni, nomdlwembe)

5.3 UNdlovu uthi unga udadewabo (uNomthandazo , uNokwethemba, uNomaqili).

5.4 UYodwa wathi izingane oDelisile( bamvakashele uNgqondo, bangawubeki umcondo wabo kwaNgqondo, bazofunda kwesinye isikole) [4]

AMAMAKI ESIQEPHU B : 50

ISAMBA SESISONKE: 100